## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela Omhleli | 04 |
| Amazwi Okwandulela kaMeya | 05 |
| Amazwi Okwandulela kaMeneja kaMasipala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu Omkhulu | 08 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala, uMeneja KaMasipala omusha wamukelwa yiMeya nayizisebenzi | 10 |
| UMeneja KaMasipala omusha unxusa ukuzibophezela ezisebenzini | 12 |
| Amanzi ayimpilo, Inhlanzeko ukuhlonipheka: ISifunda iHarry Gwala simemezela amaphrojekthi okuhlinzeka izinsizakalo ukuze kuhlomule umphakathi | 13 |
| Amaphrojekthi angu-11 ahlolwe wubuholi bukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala | 15 |
| Imihlangano ye-IDP: Ithuba lokuxoxa namalungu omphakathi | 16 |
| IKhansela Elisha lizibophezele ekusizeni umphakathi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala | 17 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ushaya phansi ngonyawo kwelodlame lobulili | 18 |
| Umbikosethulo ovela kumakhomishini ezingxoxo ngokukhulelwa kwentsha | 19 |
| Ezolimo mazibe esitayeleni | 20 |
| “Sifuna abesifazane abaningi esibhakeleni” | 21 |
| Ukwedluliswa Komkhiqizo noKwethulwa KwePhrojekthi | 23 |
| Kwathulwe Ukuxhumana ngoWhatsApp | 24 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala, uvakashele amakhasimende: Impumelelo Enkulu! | 25 |
| Umhlangano obeyimpumelelo weDistrict Development Model Political Hub | 26 |
| Iprojekthi: Kwenyuswa udonga lwedamu laseKempsdale | 27 |
| UMeya waseHarry Gwala ususe ngokusemthethweni iMeya yaseKokstad esihlalweni | 28 |
| Amalungu Amasha eBhodi LeHarry Gwala Development Agency | 29 |
| UMeya waseHarry Gwala Mayor ushayela ihlombe ukuqokwa kukaMeya waseKostad omusha | 30 |
| I-Operation Mbo | 31 |
| Kuxwayiswe abazithwele ngokuphuza utshwala okungadala izifo | 32 |
| Inyanga yamagugu yamukelekile | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Imibukiso ye-IDP: Abantu bakhombise ukuwethemba uMasipala



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

NGIBINGELELA zonke izakhamuzi zakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala. Sihlangana kule nkundla lapho sinibikela khona ngenqubekela phambili eseyenziwe kuze kube manje nguMasipala mayelana nokulethwa kwezinsizakalo. Igunya silithola kuso iSigaba 152(1) soMthethosisekelo weRepublic of South Africa, elihlinzeka uMasipala Wendawo ukuthi-

(a) Ulethe uhulumeni wenkululeko nonokuzibophezela emiphakathini yendawo.
(b) Ukuqinisekisa ukuhlinezeka izinsizakalo emiphakathini ngendlela eqhubekayo.
(c) Ukhuthaze intuthuko yenhlalo neyozomnotho.
(d) Ukhuthaze indawo enempilo nephephile, futhi
(e) Ugqugquzele ukuzibandakanya kwemiphakathi kanye nezinhlangano zemiphakathi zezindaba ezithinta uHulumeni Wendawo.

Ukuhlangabezana naleli gunya lomthethosisekelo ikakhulukazi iSigatshana 1(e), sinesibalo semibukiso ye-IDP noma yeSabelomali kubo bonke omasipala bethu. Abantu banikezwa inkundla ukuba baveza ilaka labo babuye babelane ngabakucangayo ngezinsizakalo ezilethwa kubona. Kule mibukiso eyenziwa phakathi kokuqala kwekota yesibili yonyakamali wezi-2022/23 abantu bakhombisa ukumethemba uMasipala mayelana nokuhlinzeka izinsizakalo. Silawulwa injula yokuvuna ngokutshalile sikhuthazwa ukuphawula Kanye nemicabango esungulayo esiyithola emiphakathini yethu kule mibuthano.

Siyejabula ukubika kinina ukuthi iSithangami Sezokuxhumana Sesifunda sibe nomhlangano wekota obe yimpumelelo kuMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma. Umhlangano obe ngoMandulo uthathe omunye umgudu lapho onke amakhansela alowo Masipala ahlonyiswa ngezindlela ezahlukene zokuxhumana. Ngoholo lweGovernment Communication and Information System, umhlangano wokubonisana obe ngowokuqala walolu hlobo emveni kokwethulwa komkhandlu omusha kaMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma ngowezi-2021. Ephawula ngomhlangano wokubonisana uSomlomo WoMkhandlu uMnu uSifiso Phoswa ugxile ekuqeqeshweni kwalolu hlobo njengokuyimvulamehlo kubona bengamakhansela amasha. "Sifunde lukhulu kinina namhlanje, kusukela manje sizoqinisekisa ukuthi onke amakhansela anamathela emithethweni nasenqubenimigomo yokuxhumana. Kuyacaca ukuthi ukuba nokuqeqeshwa okunje okuqhubekayo sizokwenza kangcono njengoMasipala mayelana nokudlulisa imilayezo kubantu bethu," kusho uPhoswa.

Thina esixhumana nophakathi sanelisekile ukuthi le mihlangano yokubonisana, inhloso enkulu yethu yokuba nezakhamuzi okuxhunyanwa nazo esifundeni nangale kwaso izozuzwa. Izakhamuzi okuxhunywana nazo ziyakwazi ukubamba iqhaza kukho konke okwenziwa nguHulumeni kubandakanya ukuvota okhethweni lukaHulumeni Wendawo, lweSifundazwe noluKazwelonke. Izakhamuzi okuxhunyanwa nazo ziyakwazi ukuba nomthelela ezinqumweni zikaHulumeni mayelana nezidingo zazo ngokusebenzisa imigudu ekhona njengaleyo yemiphakathi, amaqoqo aphokohelelayo noma ngabodwa.

Njengoba siphuthuma kulezi zinsuku ezimbalwa ezisele zonyaka kulindeleke ukuthi ukusetshenziswa kwamanzi kwenyuke ngenxa yamaholide. Sinxusa zonke izakhamuzi ukuba zisebenzise amanzi ngokuwonga futhi zihambisane nemtheshwana yokungaxhaphazi amanzi, lapho kusebenza khona. UMasipala uhlala uzibobophezele ekubeni kuhlale kunokuxhumana njalo ngesikhathi esifanele mayelana nezindaba zokuhlinzeka izinsizakalo nokulokhu wazisa imiphakathi.

Ngalawa mazwi angenhla ngithatha leli thuba nginifisela okuhle ngalesi sikhathi sekhefu lemibhiyozo, niphephe ninake yonke imithetho neziqondiso kukaHulumeni. Ngethemba nizolithokozela leli bhukwana futhi ngicela ningakhohlwa ukusilandela emakhasini ethu ezinkundla zokuxhumana: iHarry Gwala District Municipality kuFacebook no- www.harrygwaladm.gov.za , lapho ningathola khona leli bhukwanakwazisa ngobuchwepheshe. Sibuye sibonane.



**NKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)

**UMNU UMQONDISI DUMA**
UMNCEDISI WOKUPHATHWA KWEZOKUXHUMANA

ISANDULELO SEMEYA

# UMbiko weMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala

NGIPHINDE ngibingelele onke amalungu omphakathi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala. Asilisebenzise iBhukwanambiko Lesifunda ukuze sithuthukise ukuxhumana nemiphakathi.

Kulolu shicilelo, sizozama futhi ukwethula umgodla wobufakazi wemisebenzi yokuhlinzeka ngezinsizakalo esiyenzile njengoMasipala esikhathini thizeni. Ibhukwanambiko liyithuluzi elisemqoka ekuxhumaneni nemiphakathi yethu nababambiqhaza.

Ukuhlala kulokhu kuxhunywana nemiphakathi yethu kuqoshwe kokufanele kwenzeke ngokoMthethosisekelo kolwazi olukhululekile kanye nezinhloso zokwakha umbuso wangempela wedemokhrasi. Veli umsebenzi kahulumeni ungumsebenzi womphakathi. Kunoma iyiphi idemokhrasi, uhulumeni ukhethwa ngabantu, ngakhoke uyisakhiwo sabantu esenzelwe abantu.

Kunesidingo sokuthi imiphakathi ekuMasipala Wesifunda iHarry Gwala ilokhu yaziswa ngomsebenzi kaMasipala futhi ilekelelwe ukuba ibambe iqhaza elibonakalayo kuwona. Lokhu kudinga uMasipala Wesifunda iHarry Gwala uhlale uqhubeza ukuxhumana nazo zonke izakhamuzi futhi leli bhukwanambiko liyinkundla evumela ukusatshalaliswa kolwazi yiSifunda luye emphakathini.



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Samukela iSikhulu esisha kuMasipala**

Ngivumeleni, egameni likaMasipala wonke, ukwamukela iSikhulu sethu esisha, uMnu uGamakulu Ma-Art Sineke.

NjengeMeya, ngincoma bonke abafaka izicelo futhi benza inhlolokhono ekubeni sesikhundleni sokuba yiMeneja kaMasipala. Bonke abafaka izicelo base behlungwa babephekwe ngendlela futhi kwaba nenhlolokhono eyayiqonde ukuthola ozokwazi ukuthatha uMasipala awubeke eqophelweni eliphezulu.

Angingabazi ukuthu uMnu uSineke uwulungele umsebenzi futhi uza nolwazi olubanzi namava njengoba enezikhathi esebenza kuHulumeni Wezindawo.

SiwuMkhandlu kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala silindele ukuzibophezela kuMeneja kaMasipala omusha ekuhlinzekeni izinsizakalo kubantu bethu. Umsebenzi olindeleke kuMnu uSineke ukuba abhekana nawo ubandakanya ukukhulisa amaphrojekthi athuthukisa ingqalasizinda ngokuhamisa nokusebenza kwethu, ahehe ngokugxilile abatshalizimali abazothanda intuthuko bakhe namathuba emisebenzi ngaphakathi kweSifunda. Kube kungakhohliwe ukuhambisana nombono wokuthi ngowezi-2030 iSifunda iHarry Gwala sizoba ngesiphuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundzweni iKwaZulu-Natal, ukuqinisekisa ukuthi sihlinzeka amanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kuso iSifunda. NjengaMakhansela sizoqatha indima yethu yokulawula izinsizakalo ezilethwa emiphakathini yethu. Sizohlala siqaphile ukuthi uMasipala uhamba ubheka kuphi ngaphansi koholo lukaMnu uSineke. Sifuna ukubusa okumsulwa nokuhle futhi njengeSikhulu Esiphendulayo, lo msebenzi ubgena ngaphansi kwezibopho ezinayathiselwe

**SiwuMkhandlu kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala silindele ukuzibophezela kuMeneja kaMasipala omusha ekuhlinzekeni izinsizakalo kubantu bethu.**



**Ohloniphekile Imeya yomkhandlu uKhansela Z.D. Nxumalo kanye neMenenja esanda kuqokwa uMnu uGamakulu Sineke**

esikhundleni seMeneja kaMasipala.

Nokho, uzobona ubuso obusha eKhasini LeMeneja Elikhethekile njengoba izivumelwano zeZimeneja Ezindala seziphelelwe yisikhathi kodwa siyazibonga ngokusebenzela Umasipala ngokungakhathali ukuqinisekisa izinsizakalo ezingcono eHarry Gwala. Sizifisela inhlanhla emizamweni yazo yangomuso. Samukela abaqondisi abakhethekile abasha futhi sibafisela konke okuhle ezikhundleni zabo ezintsha. Mabaqine baphume eqhulwini.

**USuku Lwamagugu**

Ngenyanga uMandulo izwe lethu ligubha amagugu ethu amahle ehlukahlukene. Yisikhathi lesi lapho sigubha khona ngomfutho okusenza sibe yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

Ingqikithi yeNyanga Yamagugu yezi-2022 ithi "Sigubha Ifagugu likaSolomon Linda noMculo WoMdabu waseNingizimu Afrika".

NgeNyanga Yamagugu yezi-2022, iNingizimu Afrika ikhumbule ukuphela kweminyaka engama-60 uSolomon Popoli Linda endela koyisemkhulu owabeka isicathamiya ebalazweni njengomkhamkha womculo futhi waqamba iculo iMbube elidume umhlaba wonke manje.

SinguMasipala Wesifunda iHarry Gwala sifisela okuhle yonke imiphakathi yethu iNyanga Yamagugu futhi asiziqhenyeni sonke ngesiyikho.

**Ngenyanga uMandulo izwe lethu ligubha amagugu ethu amahle ehlukahlukene. Yisikhathi lesi lapho sigubha khona ngomfutho okusenza sibe yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika.**

**UDlame Ngokobulili**

Udlame olubhekiswe kwabesifazane nasezinganeni kufanele luphele. Sekwanele. ESifundeni sethu ngoNcwaba amantombazane asemancane amabili aseGinyane High School, uMinenhle Buthelezi no-Amanda abulawa ngesihluku. ISifunda asihambisani nesihluku futhi sifuna umthetho kubonakale okwenzayo. NjengeMeya yeSifunda ngifuna futhi onke amadoda kulesi Sifunda ahole umkhankaso wokulwa nodlame ngokobulili, angibe owokuqala othi hhayi egameni lami.

# Ukuhlinzeka amanzi ahlanzekile kubantu kubalulekile empilweni yabo



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
UMeneja kaMasipala

LENA yingosi yokuqala yami kuleli Bhukwanambiko laseHarry Gwala emveni kokuba ngiqokwe njengoMeneja KaMasipala kulo Masipala. Zibekwa nje emadakeni ngifuna ukucacisa lokhu futhi kwazeke kuwo wonke aMakhansela, izikhulu kanye nakubantu abahle beSifunda nakwezinye izindawo ukuthi kuyintokozo enkulu ukumemezela ukuthi ngizizwa ngamukelekile kuMasipala. Sekungaphezu kwenyanga manje ngikulesi sihlalo esishisayo futhi ngithanda ukugcizelela ukuthi kube nokuthula kanye nokunikezelana okuhle kanye nobudlelwano obuhle bokusebenza, ngokubona kwami, obugxile bazinza ekusunguleni ukunakekela umsebenzi futhi engilokhu ngikuthola ezikhulwini okungenza ngizizwe ngingomunye womndeni.

Abaningi, uma kungesibo bonke, bayazibuza, ukuthi kusho ukuthini ukufika kwami kulesi sakhiwo esizingeni elihlonishwa kangaka? Ukuphendula lokhu ngizoqale ngibonge ubuholi bezepolitiki obuholwa uMhlonishwa uMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo, uMkhandlu wonke kanye nezisebenzi zonke eziholwa yiZinhloko ZeMinyango yazo banginikeza leli thuba lokuba ngamukelwe ngezandla ezivulekile nezifudumele. Impendulo eqondile ithi, kimina ubuholi ekuphatheni kumayelana nokuthi wenze abanye babe ngcono ngenxa yokuba khona kwami lapha futhi ngiqinisekise ukuthi ubukhona bami abuvuseleli kuphela ukukhetha kwabo ukuba basebenzele umphakathi kodwa lokho kube nomthelela wakade ngisho ngingekho.

UmuMelikana uRalph Lauren ongumsunguli nenhloko yebhizininisi elikhulu elinamali eyizigidigidi elethiwe ngegama lakhe, wake wathi; "Umholi unombono nokukholelwa ephusheni ukuthi lingaphumelela. Ugqugquzela abanye ngamandla nangomfutho ukuthi kungenzeka."

Iqhaza lomasipala besifunda ekuthuthukiseni ukuhlinzeka izinsizakalo komasipala bendawo kusemqoka futhi kunomthelela onamandla endaweni ebuswa nguhulumeni wendawo kanye nomasipala bendawo lapho bephethe khona. Umsebenzi wokuqala kamasipala wesifunda ngokweNingizimu Afrika ukuba uhlinzeke amanzi nenhlanzeko. Omasipala besifunda yibona abanikezela ngalezi zinsizakalo komasipala bendawo ukuthuthukisa impilo yabantu bethu.

Umsebenzi wokuthuthukisa lezi zinsizakalo ezinqala akusikhona nje okubucayi kuphela kodwa ngokufanelekile. Ukuhlinzeka ngamanzi asezingeni kuyo yonke imiphakathi yakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala kunesidingo empilweni nasekuphileni kwabantu, ekuthuthukeni komnotho nasekufezekiseni amalungelo oMthethosisekelo awo wonke umuntu waleli lizwe lethu.


INingizimu Afrika ilokhu iyizwe elintula amanzi futhi libhekene nenselelo yokuhlinzeka izinsizakalo zamanzi nenhlanzeko okubangwa phakathi kokunye ukuwohloka kwengqalasizinda yamanzi, ukungasimamiswa kahle kwengqalasizinda ehambisana nalokhu, ukuncipha kotshalomali kungqalasizinda yamanzi nenhlanzeko, ukwehla kwezinga lamanzi kanye nokuhlala kuhlale kube nesomiso okubangwa yinguquko yesimokade sezulu.

Lezi zinselelo ziholela ekungalinganini ekutholeni amanzi nenhlanzeko emiphakathini yethu. Lokhu kusho ukuthi kufanele sihlale siqaphile ekwenzeni umsebenzi wethu ngokugunyazwa uMthethosisekelo ekhona kuzo zonke iZifunda. Sizokwenza konke okusemandleni futhi sizizama ukuhlangabezana nokulindelwe yimiphakathi yethu.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali



**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Ebhekelela Ingqalasizinda



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**UMNU UDUMISANI SANDILE GQIBA**
Ezamanzi















**UMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo wamukele futhi wethula uMeneja KaMasipala kubaphathi nasezisebenzini eHhovisi Elikhulu e-Ixopo. Izisebenzi zihlangene ngaphandle kwamahhovisi ukuze zamukele ngentokomalo uMeneja KaMasipala omusha MM.**

UMENEJA KaMasipala omusha kuMasipalaWesifunda iHarry Gwala uMnu uGamakulu Sineke, uqale emsebenzini mhla lulu-1 kuMandulo wezi-2022.

UMnu uSineke, wamukelwe yiMeya Yesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo, beneSekela Meya uKhansela uNosisa Jojozi kanye noSomlomo uKhansela uSibongiseni Mdunge nabaholi bezepolitiki kuMasipala.

ABaphathi kubandakanya nowaliBamba Meneja KaMasipala uNkk uThobile MaThiyane Magaqa bamukele uMeneja KaMasipala .

Emveni komhlangano ofushane nabaphathi iMeya ikhulume nezisebenzi emahhovisini kaMasipala yethula uMnu uSineke njengeaccounting officer.

IMeya uNxumalo uthe kube yinhlanhla nokuhlonipheka ukuba nomuntu onamandla afana nakaSineke ukuba abe nguMeneja KaMasipala omusha.

"Ngithanda ukwethula kinina (zisebenzi zikaMasipala), uMeneja KaMasipala omusha uMnu uSineke. Ngicela nimazi futhi nisebenze kahle ngaphansi koholo lwakhe. Kyinhlanhla nokuhlonpheka ukuba nomuntu ofana noSineke eba yingxenye yalo Masipala," kusho iMeya uNxumalo.

Ngesikhathi somhlangano nabaphathi uNkk uMaThiyane Magaqa, ufunge wagomela ukuthi zonke izisebenzi kubandakanya nabaphathi bazomeseka futhi bamlekelele uMeneja omusha. "Esikulindele wukuthi uzoba yingxenye futhi wenze izimanga kulo Masipala. Awusona isifiki kithina njengoba ubusebenza komunye womasipala (uBuhlebezwe njengoMeneja KaMasipala). Siyethemba ukuthi uzokwengeza kithina sonke, ubone futhi uthakasele bonke abababambiqhaza. Sibheke uholo lwakho, egameni labalingani bami sethula ukukweseka okungenamibandela. Enza okungcono kakhulu esikhundleni sakho esisha," kusho uNkk uMaThiyane Magaqa.

UMnu uSineke uwuthokozele umsebenzi owenziwe ngaphambilini. "Ngiyabona ukuthi ngithatha iwisa elisindayo kodwa ngicela ukuba ningamukele njengoba nginjalo," kusho uSineke ngezimfushane.

IMeya nayo iwuthakasele umsebenzi omuhle owenziwe obeliBamba Meneja KaMasipala.









**UMeneja KaMasipala uMnu uG.M. Sineke ukhulume nezisebenzi emhlanganweni wokuqala osemthethweni. Zonke izisebenzi ebezikhona zivela kuwo wonke amahhovisi zethamele inkulumo.**

# UMeneja KaMasipala omusha unxusa ukuzibophezela ezisebenzini

EZINSUKWINI ezimbalwa uMeneja KaMasipala omusha uMnu Gamakulu Ma-Art Sineke engine esihlalweni sakhe esisha njengoMeneja KaMasipala kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala akazange achithe sikhathi wanxusa ubumbano lwamandla, ukuzibophezela ekusebenzeni kanzima nokusebenza ngokubambisana.

UMnu uSineke uhlabe ikhwelo ngesikhathi ehlangene nezisebenzi zaseHarry Gwala okokuqala emveni kokuqala emsebenzini njengoMeneja KaMasipala kuMasipala.

Udume ngesithakazelo ebizwa ngokuthi; “Bhele noma iBhele elide”, uMnu uSineke unamava abanzi kwesoHulumeniWendawo emveni kokusebenza njengeMeneja nanjengeKhansela koMasipala abehlukene beSifunda iHarry Gwala.

Zikhwela nje usuka kuMasipala Wendawo uBuhlebezwe lapho ebenguMeneja KaMasipala iminyaka eyevile kweyi-10, njengoba wayeqashwe ngowezi-2011 kuze kube uqashwa lapha kulesi Sifunda.

Ineziqu iMaster of Education (MEd) azithole e-University of KwaZulu-Natal, futhi uneBachelor of Education (BEd) neBachelor of Arts (BA).

Ngaphambi kokuba seBuhlebezwe, uMnu uSineke usebenze njengoMeneja Ka Masipala kuMasipala Wendawo okwakuyi-Ingwe/KwaSani ngaphambi kokuthi ubizwe ngeDr Nkosazana Dlamini-Zuma.

Emhlanganweni wakhe wokuqala uhlangane nabaqondisi namabambabaqondisi, izisebenzi ezivela kuwo wonke amhhovisi nasehhovisi elikhulu.

Enkulumweni yakhe ekhethekile ugcizelele isidingo sokusebenza ngokubambisana ukulethela abantu beSifunda iHarry Gwala izinsizakalo.

“NjengoMasipala Wesifunda abamanzi nenhlanzeko kufanele basebenzisane eduze noMasipala Bendawo ukuqinisekisa izisombululo zakade eziyinselelo eqhubekayo elokhu ivela ezindaweni.”

Uthe kudingeka ukuba baqinisekise ukuthi onke amawadi anamanzi. “Lokhu kuyingxenye yezinhlelo zokuba siphume phambili ekuhlinzekeni amanzi kuzwelonke,” kusho uMnu uSineke.

Uthe akukho okungahlula uMasipala ukuba akuzuze uma izisebenzi zihlangana futhi zisebenze njengomndeni.

UMnu uSineke labo abayizishoshovu zezombusazwe abaqashwe nguMasipala ukuba bangalokothi basebenzise isikhathi isikhathi sikaMasipala somsebenzi ukubamba imihlangano yabo nemicimbi yabo yepolitiki. Ubuye welulekela emthethweni iMunicipal Systems Act osand kuchitshiyelwa ovimbela izisebenzi zikamasipala ukuba zibe nezikhundla emaqenjini ezepolitiki.

Weluleke labo abathintekayo kulesi sichibiyelo ukuba bahambisane naso noma bakhethe phakathi kokuthi baba yizisebenzi zikamasipala noma bahlala emahhovisi abo ezepolitiki.

UMnu uSineke ubuye waveza ukuthi inenqubomgomo evulelekile futhi labo abenza amaphutha kufanele baqondswe uma kunesidingo.









**Bebemamatheka, bejabule ngesikhathi uMasipala Wesifunda iHarry Gwala umemezela ukuthi kuzoba namaphrojekthi amathathu azoqala khona maduze nje eMzimkhulu. Amalungu omphakathi abeze ngobuningi bawo ukuzolalela inkulumo kaMeya.**

## Amanzi ayimpilo, Inhlanzeko ukuhlonipheka:

# ISIFUNDA IHARRY GWALA SIMEMEZELA AMAPHROJEKTHI OKUHLINZEKA IZINSIZAKALO UKUZE KUHLOMULE UMPHAKATHI

ABANTU baseMzimkhulu ngaphansi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala baneme ngoba bazobuyelwa yisithunzi sabo emveni kokumenyezelwa kwamaphrojekthi amathathu azoqala maduze.

IMeya Yesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo, imemezele ukuqala kokwakhiwa kwezitamkoko kanye nokwakhiwa kwamabhokisi enxakanxaka kweSihlanzi Esikhulu soMzimkhulu eschithayo, kubuye kwakhiwe nesihlanzi esikhulu esifakayo nesiteshi sokuphampa okuqondwe ngakho ukubhekana nenkinga yenhlanzeko ebhekene nedolobha uMzimhulu.

"Le phrojekthi kuqondwe ngayo ukubhekana nezinkinga zoMzimkhulu zokukhuculula indle. Le phrojekthi ifaka nokuhlela nokwakha isihlanzi esichithayo esisha esizokwazi ukumunca eWizzy Valley, enkundleni yezemidlalo yedolobha, futhi ishiye ngaphandle isiteshi sokuphamba unombolo 3. Isihlanzi esichithayo esisha sizobuye sibhekele intuthuko ekhona nehlongozwayo engxenyenyeni esenyakatho nedolobha," kusho iMeya uNxumalo.

ISihlanzi Esikhulu esifakayo nesiteshi sokuphampa kwabelwe izi-R49 177 000.26 bese kuthi ukwakhiwa kwezitamkoko nokwakhiwa kwamabhokisi enxakanxaka kweSihlanzi Esikhulu esichithayo kwabelwa izi-R24 106 168.91. Isikhathi esiqagulelwa ukuphothulwa kwala maphrojekthi yizinyanga ezili-18.

Onjiniyela okusetshenzwa nabo yiZimile Consulting Engineers nezinkontileka iSSR Security T/A neMahlubi Plant Hire kuwo womabili amaphrojekthi.

UKhansela wakwaWadi 16 uNks uKhanyisile Mafuleka uthe umphakathi ujabule kakhulu ngesimemezelo samaphrojekthi. "Sithakase kakhulu ngokuthi la maphrojekthi azoletha amathuba



**Amathuba emisebenzi azodaleka ngokuqala kwamaphrojekthi amathathu alethwa iSifunda iHarry Gwala eMzimkhulu.**

emisebenzi emphakathini kodwa okusijabulisa kakhulu wukuthi la maphrojekthi azoletha ukuhlonipheka nesithunzi kithi njengoba sizoba nenqalasizinda efanele yendle," kusho uNks uMafuleka.

UMeya ubuye wamemezela ngokwakhiwa kweGreater Mnqumeni Abstraction, Pumping System and Rising Main: Civil, Mechanical and Electrical. Lokhu kuzokwenziwa ngesabelomali esiyizi-R 28 000 000.00.

Onjiniyela okusetshenziswana nabo i-ECA Consultants kuthi inkotileka kube iMabona Civils and Plant Hire. Isikhathi esilindelekile ukuba kuqedwe le phrojekthi yizinyanga ezili-10.

Iphrojekthi ifaka ukuthuthukiswa kohlelo lokulethwa kwamanzi oluzimele kulezi zindawo eMasameni, eMnqumeni, eNdlovini, Ehlanzeni, eMatyeni, UMeya uwini naseMahhobe.

UMeya uNxumalo unxuse amalungu omphakathi ukuba aqinisekise ukuthi iphrojekthi ihamba kahle futhi uma isiphothuliwe kufanele bayivikele. "Lokhu kuyimpilo engcono kukho konke esasikuthenbisile okuyizinszakalo zamanzi ahkanzekile, aphuzekayo ngaphandle kokuphazamiseka nezilekeleli zenhlanzeko ezifanelekile. Okwenu njengamalungu omphakathi ukuba nivikele le ngqalsizinda," kusho uMeya uNxumalo.



**Amalungu omphakathi anikezwe ithuba lokubuza imibuzo nokuthola ukucaciseleka ngalawa maphrojekthi.**



**Abaholi bezepolitiki nabaphathi baseHarry Gwala bathathe ezabo base behambela izindawo zokusebenza ezingu-11 ukuhlola ukuqhubeka komsebenzi.**

# Amaphrojekthi angu-11 ahlolwe wubuholi bukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala



**Izithunywa beziholwa uMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo, uSomlomo uKhansela uS. Mdunge, zabuye zafakana imilomo nabaholi bamaphrojekthi kanye nezisebenzi ezethweswe ukuqhuba amaphrojekthi.**

AMAKHANSELA kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala nabaphathi abaholwa uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo benoSomlomo uSibongiseni Mdunge bahambele izindawo ezehlukene ezili-11 ukuthola amaqiniso ngazo.

Izindawo okuyiwe kuzo kube yiNcukubane Water Supply Scheme, yiSummerfield Water Supply Scheme, yiKwaMeyi Teekloof Water Supply ne-Ibisi Sewer Project, lezi zikuMasipala Wendawo uBuhlebezwe noMasipala Wendawo uMzimkhulu. Ngosuku lwesibili izindawo ezahanjelwa kwaba yilezi iKokstad Rising Main, iHorseshoe Waterborne Sewer Project neBulwer Nkumba Nkelabantwana Water Supply Scheme neNomandlovu Water Scheme ezikuMasipala Wendawo iGreater Kokstad noMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini Zuma. Ngosuku lokugcina kwayiwa eBuhlebezwe lapho iHighflats Water Supply Project nase-Ixopo Sewer Rectification.

UMeya uNxumalo nabaphethe amaprojekthi Kanye nezikhulu zikaMasipala eziphethe amaphrojekthi kulezi zindawo. UMeya uNxumalo wathi kuyadingeka ukuthi amaphrojekthi aphathwe ngendlela efanelekile nokuthi uMasipala uhlale waziswa njalo ngokuqhubekayo.

"Umsebenzi wethu singuMasipala ulula, silapha ukuqinisekisa ukuthi sihlinzeka amanzi emphakathini. Yebo, amanzi awudaba oluyinkimbinkimbi futhi okulukhuni ukubhekana nalo ngesinye isikhathi kodwa okwethu ukuba sisebenze kanzima sense isiqiniseko ukuthi abantu besifunda bathola amanzi ahlanzekile aphuzekayo. Kufanele sizibophezele futhi sihlele ngokuyikho ukuze la maphrojekthi aphothulwe ngesikhathi esilindelekile," kusho uMeya uNxumalo.

USomlomo noMeya bathe bazohlala bewaqaphile la maphrojekthi futhi bazofika bengashongo ukuzohlola inqubekela phambili. Kwaphakanyiswa ukuthi kube nombiko zinyanga zonke olethwayo mayelana nenqubekela phambili ngalawa maphrojekthi angenhla.

Emveni kokuhambela lezi zindawo kube nesithangami sokufakana imilomo nezikhulu zikaMasipala nabaphathi ukudingida okuvelayo endaweni ehanjelwe Kanye nezisombululo ezizoqhubezela uhlelo phambili.



**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ube nemibukiso yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe (IDP) lonyakamali wezi-2022/2023. Amalungu omphakathi abe nethuba lokubuza izikhulu nabaholi bezepolitiki imibuzo mayelana nokuhlinzeka izinsizakalo.**

# IMIHLANGANO YE-IDP: Ithuba lokuxoxa namalungu omphakathi

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala District ube nemibukiso yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyele i-IDP yonyakamali wezi-2022/2023. Kuqale KuMasipala Wendawo iThe Great Kokstad kwaye kwaphetha kuMasipala Wendawo uMzimkhulu ngoLwezi. Imibukiso ye-IDP ibuye ibe komasipala bezindawo iBuhlebezwe neDr. Nkosazana Dlamini-Zuma, kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Le nqubo ilawulwa umthetho iThe Municipal Systems Act, iSahluko 4, eqondisa ukuthi omasipala kufanele baxhumane nomphakathi ekuhleleni nasekwenzeni iZinhlelo zoMkhandlu.

I-IDP iwuhlelo oluhle kakhulu lokuqondisa uhlaka lonke lwentuthuko kahulumeni. Luqonde ukulumbanisa umsebenzi kahulumeni wendawo nezinye izingxenye kube wuhlaka olubumbene ukuthuthukisa impilo yabantu bonke abaphila kueyo ndawo. Uhlaka lubuka, phakathi kokunye, ukuthuthuka kwezomnotho nokwenhlalo kumasipala wonke okusimama iminyaka emihlanu kuhambisane nesikhathi esihlalwa aMakhansela endawo ehhovisi.

Okwenziwa uMasipala Wendawo kufaka udaba lwamanzi, olwenhlanzeko okuwumsebenzi onqala weSifunda. Okunye okuphakanyisiwe kube wudaba lwezingane ezilala emigwaqeni nalabp abakhungethwe yizidakamizwa abahla emigwaqeni ababizwa nga'maphara'. "SinguMasipala Wesifunda iHarry Gwala sizibophezele ekuqinisekiseni ukuthi sihlinzeka izinsizakalo kubantu besifunda sethu. Amanzi naNhlanzeko kuwumongo wethu; sinomthwalo emahlombe ethu ngalokho esikuhlinzekayo. Bekunamaphrojekthi ambalwa ebesiwasebenza ukubhekana nezidingo zomphakathi wethu," kusho uMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo.

Esikwenza emibukisweni kuqashelwe konke nguMasipala Wesifunda noMasipala Wendawo okusebenzisayo ukuze bakusebenzise ezinhlelweni zabo.

Amalungu omphakathi alithakasele ithuba lokuthi ubuholo bukamaipala bukhulume nawo ethi ukuxoxa kule mihlangano kuletha ithemba lekusasa elingcono noguquko oluzobonakala.








**UKhansela omusha osanda kuqokwa uMnu uLonwabo Nzimande ufungiswe yiSigungu SoMkhandlu sikaMasipala iHarry Gwala.**

# IKhansela Elisha lizibophezele ekusizeni umphakathi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala

UKHANSELA osanda kufungiswa wakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala uMnu uLonwabo Nzimande, uthembise ukuthi uzogxila kakhulu esiqubulweni esithi: "sihlangene siyahlizeka futhi sikhule" ngesikhathi kuMhlangano Okhethekile Womkhandlu Wokugcoba eZindlini ZoMkhandlu e-Ixopo.

Enkulweni yakhe uNzimande yokwamukela isikhundla njengeKhansela laseHarry Gwala uthe uzibophezele ekuqinisekiseni ziyahlinzekwa izinsizakalo futhi lokho kwenzeke ngokubambisana namakhansela akhona kumanje.

Kuwukuhlonishwa nokunikwa ithuba elikhethekile ukuba yingxenye kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala njengelungu loMkhandlu. Ngiyazibophezela esiqubulweni esithi sindawonye siyahlinzeka futhi sikhule. Ngingqozi lokuba sisebenzisane naleli thimba ukuze sihlinzeke izinsizakalo kubantu beSifunda iHarry Gwala," kusho uKhansela uNzimande.

UNzimande ubephelezelwa ngumndeni wakhe kulo mhlangano womkhandlu wokugcotshwa okhethekile.

UMeya Wesifunda uKhansela uZ.D Nxumalo, wamukele ikhansela Elisha wathi lingapholisi amaseko liqale lisebenze.

"Umsebenzi wethu oseqhulwini kulesi Sifunda ngamanzi nenhlanzeko, njengoba uba yingxenye yethu nje yilona gunya ozohlala uliphethe. Amanzi ayinselelo enkulu kodwa-ke kufanele sisebenze kanzima ukuqinisekisa ukuthi sihlinzeka amanzi ahlanzekile naphuzekayo emphakathini wethu. Ithimba ojutshwa kulona liyazimisela futhi lisebenza kanzima akufanele uhlangabezane nezinkinga uma usebenzisana nathi," kusho uMeya uNxumalo.

Umeneja KaMasipala Wesifunda uMnu uGamakulu Sineke ulongiselele ukufungiswa kukaKhansela uNzimande, umhalalisele.

Ubuye wothiwa uSotswebhu Omkhulu uKhansela uN. Mhatu, iLungu Lesigungu uKhansela uD. Bekwa, nabo abahalalisele uKhansela uNzimande futhi bamfisela konke okhle esikhundleni sakhe esisha.

UMnu uNzimande unikezwe ukuba yilungu lalawa makomiti omkhandlu: iKomiti Lesabelomali Nezimali kanye neSithangami Sezabasebenzi Bendawo. UKhansela Nzimande engena ezicathulweni zikaKhansela Bongani Kheswa owasula.







**Amakhansela, osopolitiki namalungu omphakathi bakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala babuthane ngaphandle kwenkantolo yaseDonnybrook ukuzokhombisa ukuthi umsolwa kwelokubulala akanganikwa ibheyili. Lokhu kuphehlwe iKhomishini Yabesifazane yaseHarry Gwala ukuze ilwe nodlame ngokobulili.**

# UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ushaya phansi ngonyawo kwelodlame lobulili

IZAKHAMUZI zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala, zesekelwe ngamakhansela, yikhomishini yabesifazane eHarry Gwala, yizishoshovu zenhlalo zabaholi bezepolitiki abavela emiphakathini ehlukene babhukule ukuzoba yingxenye yombhikisho ngaphandle kweNkantolo Yemantshi eDonnybrook ngesikhathi kuvele phambi kwenkantolo umsolwa uBaphumelele Zulu (21).

Umsolwa ubhekenenamacala amabili okubulala esolwa ngokubulala abafundi abenza umatikuletsheni u-Amanda Zulu (18) noMinenhle Buthelezi (18). Enkantolo umsolwa uthe ngeke aycele ibheyili icala libe selihlehliselwa uMandulo wezi-2022 ngesikhathi kusaqhubeka uphenyo.

Bobabili abafundi beBanga le-12 ngabaseGinyani Senior School, ababulawa ngesihluku esikhulu ngesonto eledlule. Abafundi bagencwa ngembazo ngesikhathi besendlini lapho babeqashe khona eNgwangwane, kuWadi 8 kuMasipala Wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma.

Kuthiwa umsolwa wabulala u-Amanda noMinenhle ngokubagenca ngembazo ezintathakusa zangeSonto (31/07/2022) ngaphambi kokuthi acwiye amalunga emizimba yabos.

Isidumbu sikaZulu esasimanxebanxeba sasisobhukwini lwegazi emngenlweni womnyango wendlu yabo emzini wakwaMemela, kanti esikaButhelezi escwiyiwe satholakala emakhilometheni amahlanu ukusuka endaweni yesigameko.

Enkantolo kwakukhona uMeya waseNDZ uKhansela uS. Msomi noMeya waseMzimkhulu uKhansela uJ. Msiya kanye namakhansela aqhamuka kubo bonke omasipala bendawo nakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala oholwa uKhansela uZ.D Nxumalo.

UNxumalo embikweni wakhe wokweseka uthe bafuna ubulungiswa ukuba benzeke duthi wathi lokhu kuyishwa ukuthi kwenzeke ngeNyanga Yabesifazane.

UNoluthando Mhatu uSotswebhu Omkhulu kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala District abuye abewuKhomishana Wabesifazane usecele ubumbano kwabesifazane ngalesi sikhathi senhlekelele.



**Umgilwa u-Amanda Zulu**



**Umgilwa uMinenhle Buthelezi**







# UMBIKOSETHULO OVELA KUMAKHOMISHINI EZINGXOXO NGOKUKHULELWA KWENTSHA eHHOLO iNGWAGWANE kuMASIPALA WENDAWO iDR. NDZ

## IZIHLOKO OKUKHULUNYWE NGAZO

## UKUKHULELWA KWENTSHA • UDLAME NGOKOBULILI • INGCULAZA NESANDULELA SAYO NOFUBA • UKUBHUKUDA EZIDAKAMIZWENI

### UKUKHULELWA KWENTSHA

Ukusweleka komsebenzi • Ingcindezi yontanga • Ijwayezi lobaba Sugar daddy syndrome • Ukubhukuda ezidakamizweni

### UKUVIMBELA

Ukufundiswa ngezocansi • Abazali abae yizibonelo

### AMAQHAZA EMINYANGO

Izinhlelo zokuvimbela • Ukusatshalaliswa kwamakhondomu uMnyago Wezemfuno noMnyango Wezempilo • Ukuhlala kunezihlelo ezizokwenza intsha ihlale imatasa

### UKUBHUKUDA EZIDAKAMIZWENI

Izingane kusukela eminyakeni eli-10 kuya phezulu zithe shi • Zigcwele emathaveni, emigwaqeni nasezikoleni

### IMIPHUMELA

Ukuhunguleka • Izinkinga zokuziphatha • Ukudlwengula • Udlame ngokobulili olubhekiswe kwabesifazane

### YINI ENGENZIWA

Ukubandakanya intsha emidlalweni nasekusebenzeni • Abazali abangathumeli izingane ukuyothenga izidakamizwa • Ukuvuselelwa kwezakhiwo zomphakathi isib., inhlangano yokuqapha umphakathi ukuqinisekisa ukuthi amathaveni anawo yini amalayisensi • Yonke imizamo yokuvikela kufanele ize emphakathini

### IQOQO 3

- Ingculaza nofuba
- Ukwethembeka ekusebenziseni imithi
- Uuba nomlingani oyedwa
- Ukwazi imakanjani yakho
- Ukuvuleleka – kumlingani nasemndenini
- Hlola uyohlola kwabezempilo
- Ukugqugquzela ukusokwa kwabafana abancane

- UMnyango Wezempilo kufanele ubeke lokhu eqhulwini ekunikezeni imithi kusuka nje
- Abahlengikazi bagcine izimfihlo zeziguli
- Ukwelulekwa ngengculaza nesandulela sayo – Usizo lwezenhlakahle ngezinsizakalo zokwelekelela ngokwengqondo

| Udlame Ngokobulili Olubhekiswe Kwabesifazane | • Izidakamizwa zibhebhezela udlame ngokobulili<br>• Izinga eliphezulu lokungasebenzi |
|---|---|

# Ezolimo mazibe esitayeleni

## - uMeya uNxumalo



**IMeya yoMkhandlu wesifunda iHarry Gwala iKhansela uZ.D. Nxumalo ilaxaze phansi umswenko yadlubha izimpahla zokusebenza ngesikhathi kunohlelo lokugqugquzela abantu ngezolimo eKokstad. Lo mcimbi ubuhanjelwe nanguNgqongqoshe wezokuthutha ophinda abe isithunywa sentuthuko uSipho Hlomuka. Kolokhu baqale ngokuqinisekisa ukulandelwa kwemithetho yomgwaqo ngokuthi babe ingxenye yesivimbamgwaqo kuN2. Lo mcimbi uphethwe ngokusikwa kwekhekhe kubungazwa izaguga ezineminyaka eyukhulu.**

UMPHATHISWA Wezokuthutha, Ukuphepha Komphakathi Nokuxhumana KwaZulu-Natal uSipho Hlomuka, wethule uHlalo Lokutshala kanye noHlelo Lwenyanga Yezokuthutha kulesi Sifunda iHarry Gwala.

Ngesikhathi ehambele iSifunda iHarry Gwala uMphathiswa uHlomuka ube nohlelo lokuqinisa umthetho olumikhakhaminingi kuN2 eWestland kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad. Wahlanganyela noMeya Wesifunda iHarry Gwala uZ.D Nxumalo kanye noMeya weGreater Kokstad uLwando Madikizela.

Uhlelo lwesikhathi Sokutshala Okuminxaminxa luholwa uMnyango Wezolimo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya ofuna ukulekelela abalimi abancane kanye nemiphakathi ukuze kuthuthuke isiqiniseko sokutholakala kokudla nokuxosha indlala.

Ukunikela kwenzeke kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad epulazini iThuthuka Ngele lapho uMphathiswa uHlomuka noMeya Wesifunda uNxumalo nabanye abaholi nezikhulu eziqhamuka kuwo uMnyango Wezolimo Nokuthuthhukiswa Kwezindawo Zasemakhaya babukise ngamasu amasha okutshala kuMfelandawonye Wezolimo iThuthuka Ngele.

ISifunda iHarry Gwala sizoba namahektha ayizi-3 100 kabhontshisi nommbila okuzotshalwa ngalesi sikhathinyaka kube nabangama-962 abazohlomula kulolu hlelo.

Ngaphezu kwalokho lolu hlelo luzosiza abalimi abanogandaganda abasiza ekulimeni nasekutshaleni futhi lubuye lusize ngezolimo kuabo balimi abahlwempu ukuze luthuthukise isivuno njengalokho okusiza ekuthuthukiseni umnotho, ukwakha amathuba emisebenzi nokuqeda indlala endaweni yomphakathi kulesi sifunda.

Ekhuluma emcimbini uNxumalo uthe kunesidingo sokuthi lonke ikhaya libe nesivande nokuthi amalungu omphakathi azibandakanye kulolu hlelo lokutshala oluminxaningi.

"Asikho isidingo sokuthi sithenge yonke into okunye ukudla kufanele sikuthole esivandeni sethu, asisebenzeleni ukwenza ezolimo isimanjemanje futhi kube yindlela yokuphila," kusho uNxumalo.

# “Sifuna abesifazane abaningi esibhakeleni”

## - USomlomo kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala




**USomlomo uKhansela uS. Mdunge, uke wangcwekisa uNks uPhiwokuhle Mnguni ongusozindondo weCommnowealth esibhakeleni, kade kunohlelo lukaMasipala obulusemaHhovisi Amakhulu e-Ixopo.**

***“Indawo yowesifazane ayisekho ekhishini. Ingaba lapho kushaywa khona isibhakela.”***

LEYO bekuyimizwa edluliswa uSomlomo kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uSibongiseni Mdunge, ngenkathi ekhuluma ohlelweni lokuhanjelwa oMasipala uhlelo lwezabesibhakela (boxing week) obelubanjelwe emahhovisi amakhulu kamasipala e-Ixopo.

Lo mcimbi weBoxing South Africa (BSA), uhlose ukubhekana nemigoqo eminingi evimbela ukungena nokuyisa phezulu abesifazane kwezesibhakela. IBoxing South Africa ithe leli elinye lamagxathu asemqoka ekukhucululeni izinkolelomvama ezigxile kwisibhakela.

Ukuhambela kukaMasipala Abesifazane abadlala isibhakela kuwukubambisana neSouth African National Amateur Organisation (Sanabo).

USomlomo uMdunge emazwini akhe okwamukela uthe abesifazane kufanele balibambe ngazo zombili leli thuba futhi bazibandakanye nezemidlalo kakhulu kube yindlela yokulwa nokunalungile enhlalweni kanye nodlale ngokobulili.

“Indawo yowesifazane ayisekho ekhishini, asisalindele ukuba bakhe amanzi bapheke kuphela kodwa sifuna ukuba bona begxile kakhulu kwezemidlalo. Sifuna bedlale isibhakela abesifazane nabagijimi besifazane kube yibona abagqamayo. Sifuna abesifazane abaningi kwiwibhakela. Sethemba ukuthi ukufaka intsha kwezemidlalo kuzoqeda lolu bhubhane lodlame ngokobulili. SinguMasipala umongo womsebenzi wethu amanzi nenhlanzeko kodwa sibuye sikhuthaze sesekele izinhlelo zemidlalo ekhulisa intsha,” kusho uSomlomo uMdunge.

ISikhulu Esiphezulu Esibambile kuBoxing South Africa uMnu uNsikayezwe Sithole uthe kuningi okudinga okwenziwa ukuqinisekisa ukuthi abesifazane kwisibhakela bayaphumelela, lokho kubandakanya



**ISikhulu Esiphezulu Esibambile kuBoxing South Africa uMnu uNsikayezwe Sithole uthe kuningi okudinga ukwenziwa ukuqinisekisa ukuthi abesifazane bayazinza esibhakeleni.**










ukuthuthukisa osomankomane besifazane, ukuheha abagijimi besifazane. UMengameli weSanabo uMnu uSiyabulela Mkhwalo ube nomzwelo ofanayo wabuye wathi abesifazane badinga ukuqala besebancane ukuzibandakanya nezamankomane.

UNkosazana uPhiwokuhle Mnguni (21), waseDundee onqobe indondo emidlalweni yeCommonwealth ngowezi-2022, uthe uqale ukudlala isibhakela esemncane eneminyaka eli-12. "Isibhakela singisizile ngaqhelelana nabo bonke ububi obenzeka emphakathini ikakhulukazi ngoba ngikhulele elokishini. Sengiye ezindaweni eziningi ngenxa yesibhakela futhi ngikhuthaza abanye besifazane ukuba bahlanganyele ikakhulukazi abasebancane ukuze bakhulele kuwo umdlalo. Ngiqale isibhakela ngineminyaka eli-12 vo futhi kwaba wuhambo oluyisimanga," kusho yena.

OMasipala Bezindawo bakhuthazwe ukuba bavule amahholo abo nezinsiza zabo ukuze babe nemidlalo yesibhakela abayibambayo futhi babe namaqembu amaningi esibhakela.





**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ujabule kakhulu ngokuba nohlelo lokuhambela oMasipala abesibhakela.**





**Uhlelo lwesibhakela luhambele uMasipala Wesifunda iHarry Gwala lwaba yimpumelelo. Amantombazane avela ezikoleni nasezikhungweni zesibhakela ezehlukile abe khona.**




**IHarry Gwala Development Agency (HGDA) isingathe Ukwedluliswa Komkhiqizo Nokwethulwa Kwephrojekthi kweLemvelo Body Lotion kanye Body and Massage Oil.**

# Ukwedluliswa Komkhiqizo noKwethulwa KwePhrojekthi

IHARRY Gwala Development Agency (HGDA) ibungaze ukwedluliswa komkhiqizo nokwethulwa kwephrojekthi kweLemvelo Body Lotion neBody and Massage Oil.

ISikhulu Esiphezulu seHGDA uNks u-Antionette Whyte uthe umcimbi ukhombise impumelelo ezuzwa uma kunokubambisana okuqinile okwenzeka phakathi kukahulumeni, izinhlaka zawo namabhizinisi asafufusa. Ababambiqhaza abebekhona uMnyango Wezesayensi Nezokusungula, iTechnology and Innovation Agency (TIA) neCouncil for Scientific and Industrial Research Council (CSIR). ILemvelo Cosmetic Products ingumphumela owasungulwa umfelandawonye waseMzimkhulu, iDMT Agricultural Cooperative, esikwazile ukwakha omunye umkhiqizo wokuzicwala ngeRose Geranium (Pelargonium graveolen).

Ekhuluma emcimbini uWhyte uthe uthakasile ngokubona ukuzwana phakathi kobuhle nemboni yokuphathwa kwesikhumba. IHGDA izibophezele ekusizeni kokukhula nokusimamisa umsebenzi ngokuhlonza izindawo ezibalulekile zokukhula, ukuqinisekisa ukuthi imikhiqizo iyandiswa, ukuthola uxhaso lwezimali nokugqugquzela ukufinyelela kokususelwa kukho kwamabhizinisi kanye nasezimaketheni zalapha nezakwamanye amazwe.

IDMT Agricultural Co-op yasungulwa ngonyaka wezi-2008 futhi ibilokhu isebenzela eNooitgedacht Farm eMzimkhulu eKZN. Njengamanje banowoyela abadingwa wumzimba abayimikhiqizo yokucwala lapho iCSIR isebenzisa ubuchwepheshe bezinhlayiyana ezincane kakhulu ukwakha lomkhiqizo. Babambisene nabalimi bezitshalo zikawoyela abadindwa wumzimba ukukhulisa imboni yowoyela abadingwa wumzimba esifundazweni. Banemikhiqizo eminingi okuyizinsipho zokuwasha, owoyela bokugeza, namaloshini anawoyela odingwa umzimba njengesithako.

Phambilini bakha amathuba emisebenzi angaphezu kwama-50 kuWadi-11 emakhaya emphakathini waKwa-Meyi eMzimkhulu.

Ukudlilisela lo mkhiqizo kuwukuqopha ukuphothulwa kocwaningo nokuthuthukiswa komsebenzi kanye nokudluliswa kweziboniso ezizothengiswa kanye nolwazi lokukhiqiza kuwo umfelandawonye. Umfelandawonye usuzoqala ukhangise futhi udayise imikhiqizo ezindaweni ezahlukene zokudayisa.










**Ukwedluliswa komkhiqizo kuqopha ukuphothulwa kocwaningo nomsebenzi wokuwuthuthukisa kanye sokudluliswa kwamasampula emakethe nefayela yokwakhiwa kwawo kumfelandawonye. Umfelandawonye usuzoqala ukukhangisa nokudayisa imikhiqizo ezimakethe ezahlukene.**


**HARRY GWALA DISTRICT MUNICIPALITY**

*"Together We Deliver and Grow"*

**Customer Care Line: Tel: 0860103651**
**Cellphone: +27 (60) 570-6193**
**Email: customercare@harrygwaladm.gov.za**

**@Harry Gwala District Municipality**
**@GwalaHarry**




## Kwathulwe Ukuxhumana ngoWhatsApp

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala uthokozela imizamo yawo yokulethela amakhasimende ukuxhumana nokuhlinzeka izinsizakalo. UMasipala sewengeze uWhatsApp njengomunye umgudu wezokuxhumana. Leli ngelinye lamathuluzi okubika elengeziwe elingasetshenzswa ngamakhasimende ukuxhumana neCall Centre yethu. UWhatsApp uthathwa njengosebenziseka kalula. UWhatsApp ungastshenziselwa ukucela izinsizakalo kanye nokubika ukukhononda ngamanzi nezihlanzi nanoma yiluphi olunye uhlobo lwezinsizakalo oluhlinzekwa nguMasipala Wesifunda iHarry Gwala, ubusuku nemini ngazo zonke izinsuku zesonto.

Yikuphi okufanele ukufake embikweni wakho?

- Igama nesibingo sakho
- Ikheli lifaka inombolo yomuzi negama lomgwaqo, indawo okuyo
- Ungafaka nesithombe uma kunesidingo


Kuzofana noma usuka ubika ngocingo, umbiko noma isicelo sokusizakala okwenza ngoWhatsApp kuzofakwa ohlelweni olulawula izikhalocomplaint or ser bese unikezwa inombolo eyinkomba ngeSMS. Le nombolo eyinkomba ungayisebenzisa ukulandelela isikhalo noma isicelo okungakafezeki.

Inombolo kaWhatsApp ithi: 0605706193, noma usebenzise eyokunakekela amakhasimende ethi: 0860103651, noma uthume i-imeyli ku:**customercare@harrygwaladm.gov.za.**




# UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA, UVAKASHELE AMAKHASIMENDE IMPUMELELO ENKULU!










**Umphakathi wase-Underberg usebenzise leli thuba lemibukiso wezinsizakalo zamakhasimende futhi wafika ngobuningi bawo ukuzolungisa abangakuqondi ngamanzi nenhlanzeko kanye nezincwadi zezekweletu. Izisebenzi namakhansela aseHarry Gwala bebekhona ukuzosiza umphakathi.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala usingathe ngempumelelo uMbukiso Wezinsizakalo Zamakhasimende edolobheni i-Underberg lapho amalungu omphakathi ephumangobuningi ezofuna usizo. Le nkundla ivumelaamakhasimende ukuba akhulume ngqo nezikhulu zikaMasipala zibeka konke okuphathelene nezikweletu noma ezingakutholi kahle ngezinsizakalo.

Imibukiso isetshenziselwa ukuba amakhasimende aqonde ngezinsizalo zamanzi nenhlanzeko. Le mibukiso ilethele amalungu omphakathi inkundla lapho amabhizinisi nabanye ababambiqhaza bexhumana noMasipala futhi kudingidwe izindaba zamanzi nezikweletu. Lokhu kubuye kwavumela uMasipala ukuba asabalalise ulwazi kanye nokuvumela ukwamukela izikhalo zamakhasimende kwabasuka ezindaweni ezikude abangakwazi ukufinyelela emahhovisi kaMasipala.

Imibukiso beyihanjelwe amakhansela, abaphathi, izikhulu nababambiqhaza abaningi.

Bekugxilwe kakhulu ekwaziseni, ukubheka nemibuzo ephathelene nezinsizakalo, uhlelo lukashwele oluphele ngoMandulo, ukufaka ulwazi olusha ngemininingwane yezakhamuzi, ukubhalisa kwalabo abantulayo, ukuhlela ukukhokhela isikweletu kanye nokubika ngemibuzo ephathelene namanzi nenhlanzeko.

# Umhlangano obeyimpumelelo weDistrict Development Model Political Hub











**Umhlangano weDistrict Development Model (DDM), obusezindlini zamakhansela kuMasipala uMzimkhulu, ube yimpumelelo enkulu futhi uthanyelwe ngokwanelisayo ngamalungu.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala, ubambe umhlangano wesizinda sezepolitiki weDistrict Development Model (DDM), ezindlini zoMkhandlu eMzimkhulu.

Indlelakwenza yeDDM ifuna kube nezakhiwo zezizinda zasifunda ukuze kwabelwane ngezinsizakalo, futhi zihlonyiswe ngobungoti obudngakalayo kusetshenziswe emphakathini.

Lo mhlangano uyingxenye yokungenelela kukahulumeni okuhlose ukukhaphuzelisa ukuhlinzeka izinsizakalo ngokusebenzisa iDistrict Development Model (DDM).

Yonke iMinyango nabababambiqhaza bebemelelekile emhlanganweni.

UMeya Wesifunda uKhansela uZ.D  Nxumalo, obenguSihlalo womhlangano uthe ukuhlanganyela kulo mhlangano kufanele kuveze imiphumela emihle.

"Ngeke kusize ngalutho ukuhlangana lapha kube kungekho okwenziwela abantu. Izinqumo ezithathwe lapha kufanele zisizisebenzise. Kufanele silandelele okuqubukayo kuze kube kuyasombululwa," kusho uMeya uNxumalo.

USekela Ngqongqoshe woMnyango Wezobusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu (Cogta) uMnu u-Obed Bapela, iSikhulu Esiphezulu sakwaMunicipal Infrastructure Support Agent (MISA) uMnu uNtandazo Vimba, uMnu uVikani Mthintsho ungumeluleki okhethekile kuNgqngqoshe wakwaCogta noDkt uSifiso Ngcobo ongumeluleki kaSekela ngqongqoshe uBapela baba yingxenye yomhlangano ngobuchwepheshe.



# IPROJEKTHI: KWENYUSWA UDONGA LWEDAMU LASEKEMPSDALE

## IGAMA LEPHROJEKTHI: UKWAKHIWA KOKWENYUSWA KODONGA LWEDAMU LASEKEMPSDALE KANYE NOKUTHUTHUKISWA KWESITESHI SOKUPHAMPA: IMISEBENZI YEZAKHIWO, EYOKWAKHA, EYOKUKHENIKHA KANYE NEKAGESI

**Indawo yephrojekthi**

Iphrojekthi ikuMasipala Wendawo iGreater Kokstad ongaphansi kolawulo lukaMasipla Wesifunda iHarry Gwala. Iphrojekthi isophe ikakhulukazi ukusabalalisa amanzi endaweni yaseKokstad.

**Isizinda**

Idolobha iKokstad kumanje lithola izidingo zamanzi emithonjeni emithathu okuyilena; amanzi angaphansi komhlaba, idamu leziphethu ezicwebile kanye nohlelo lonfula uMzintlava. Amanzi ahanjiswa ngengqalasizinda ethwala amanzi amaningi efakela iMisebenzi Yokuhlanza Amanzi (WTWs) i-18Ml. I-WTW ekhjona isebenza ngaphansi kwalokho eyakhiwele khona okuyimanje okungamamegalitha ali-12 ngosuku ngenxa yezinselelo zokutholakala kwamanzi. Maningi amaphrojekthi aqhubekayo ukuthuthukisa imithombo yamanzi, singabala iphrojekthi efaka amanzi eKokstad eseduzane khona lapha. Le phrojekthi yoKunyuswa Kwezindonga Zedamu LaseKempsdale iqonde ukwengeza ngokuphindwe kabili umthamo ongagcinwa yidamu okhona manje kanye nokudonsa amanzi ohlelweni lomfula.

Ngenxa yezinselelo zokutholakala kwamanzi ohlelweni lokusabalalisa amanzi lokhu sekuholele ekutheni kube nemigoqo ebekwayo yokusebenzisa amanzi edolobheni iKokstad nasezindaweni ezilizungezile lapho uhlelo lwamanzi luvalwa khona phakathi kwelesi-9 ekuseni kuya kwelesi-4 ntambama zonke izinsuku ukuze izigcinamanzi ezikhona ziqongelele amanzi. Iphrojekthi izosiza izakhamuzi zaseKokstad kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Le phrojekthi izobuye iqinisekise ukusabalaliswa kwamanzi edolobheni iKokstad kuze kube ngowezi-2040 futhi ibuye ikhuthaze ukukhula wedolobha nezindawo ezilizungezile ibuye isize ukwandisa ezonotho edolobheni. Kumanje kunokuthuthuka kwezokuhweba nezokuhlala okumile ngenxa yokusweleka kwamanzi anele edolobheni nakwezinye izindawo futhi kunezindawo ezifana neHorseshoe ezithuthukisiwe ukube zibe nenhlanzeko ethuthwa ngamanzi kodwa engazange yenzeke ngempumelelo ngenxa yezinselelo zamanzi. Ngakho-ke iphrojekthi yoKwenyuswa Kezindonga Zedamu LaseKempsdale izozuzisa kakhulu ezenhlalo nezomnotho endaweni.

UMasipala ubuye udinge ukwakha amathuba emisebenzi kubantu bendawo ngaphansi kohlelo i-EPWP usebenzisa amasu okwakha aqokothile lapho kudingeka nokuphepha. UMasipala futhi ufuna ukuhlomisa osomabhizinisi abafufusayo ngokuthi babe yingxenye yosonkontileka. Ukuba yingxenye yosonkontileka nokho kuzoqala uma uMasipala, usonkontileka omkhulu nabeluleki sebehloze umgodla womsebenzi okufanele ube yingxenye yenkontileka ukuqinisekisa ukuthi abayingxenye yosonkontileka bazi ngokucacile okufanele bakwenze kanjalo nokulindelekile kubona.

Iphrojekthi yoKunyuswa Kodonga Lwedamu LaseKempsdale izoxhaswa yiSibonelelo Sezingqalasizinda KuMasipala (MIG) ngokusebenzisa uPhiko Olulawula Amaphrojekthi (PMU) ngaphansi kukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala futhi kuzothatha izinyanga ezingama-24 ukuba iphothulwe.

# UMeya waseHarry Gwala ususe ngokusemthethweni iMeya yaseKokstad esihlalweni



Izicukuthwane okubalwa kuzo uMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo, uMeneja KaMasipala uMnu uG.H Sineke kanye nowanguMeya waseKokstad uMnu uBheki Mtolo, zibuthane emcimbini wokuhlubulisa uMnu uMtolo izevatho zobumeya okuyigawuni nomgexo futhi zamfisela okuhle esikhundleni sakhe esisha sokuba uNobhala Wesifundazwe ku-ANC.



UMeneja KaMasipala waseKokstad uMnu uSipho Zwane ufisela uMnu uMtolo okuhle kodwa.





IZimeya zasesifundeni zilekelele uMeya Wesifunda uZ.D Nxumalo ukuhlubulisa uMnu uMtolo umgexo wobumeya. Labo nguMeya waseBuhlebezwe uKhansela u-E.B Ngubo, uMeya waseMzimkhulu uKhansela uJ. Msiya kanye neKhansela laseDr. Nkosazana Dlamini-Zuma uS. Msomi.

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo uqokelwe ukuba ahlubule ngokusemthethweni izembatho [umgexo negawuni] zobumeya kulowo owayeyiMeya kaMasipala iGreater Kokstad uB.M. Mtolo futhi ngalokho emkhulula ngokusemthethweni emisebenzini yakhe wabe esemfisela okuhle kodwa emizamweni yakhe emisha.

UMeya Wesifunda wenze lo msebenzi ngesikhathi kunemicimbi yokuvalelisa uMnu uMtolo kamuva njengoba esethatha isikhundla sokuba nguNobhala Wesifundazwe weqembu elibusayo KwaZulu-Natal.

UNxumalo ngengoMeya Wesifunda ugixabezwe ngamandla okuqinnisekisa ukuthi akuvuleki sikhala futhi kuhlale kunozinzo komasipala bezindawo ngokuthi ahlale eqaphile kwezepolitiki ukuqinisekisa ukusebenza nokuthi angenelele uma kunezinselelo eziyimigoqo ezingamisa ukuhlinzeka izinsizakalo.

UKhansela uNxumalo ube yingxenye yezikhulumi zosuku ezimenyiwe  mhla kuvaleliswa uMnu uMtolo eKokstad lapho eveze khona ukuthi bebengabangani noMtolo ngaphezu kokuba ngamaqabane kwezepolitiki.

“Ngahlangana noMnu uMtolo eminyakeni eminingi eyedlule ngesikhathi kunoMhlangano Weomdi Elikhulu Lesifunda (REC). Emhlanganweni wayeqondisa amanye amalungu ayephaphalaza,” kusho uKhansela uNxumalo. Wengeze ngokuthi kungaleso sikhathi lapho ababanobudlelwano khona obaze bafika ekutheni ngifundise uMnu uMtolo ukushayela imoto. “Sobabili sasisebenza emahhovisi ezimeya zangoleso sikhathi,” kusho uKhansela uNxumalo.

Uhalalisele uMnu uMtolo ekukhuphukeleni ehhovisi lesifundazwe, ethi: “Wenze ngakhona eKokstad. Ubeke uMasipala ebalazweni njengoba ungomunye waba hamba phambili ezweni lonke uma kuziwa kwezokusebenza nezezimali.”

Uthe kuyaziwa ukuthi uma uMnu uMtolo enza kahle emsebenzini wakhe omusha bazomzingelela izikhundla eziphezulu. Uthe kungalesi sizathu uMnu uMtolo unikezwe umsebenzi omkhulu wokuhola sonke isifundazwe iKwaZulu-Natal.

Sisebenzile ndawonye… uzimisele kukho konke akwenzayo futhi ungumuntu ohlala ethanda ukufunda ohlala eyibeka eqhulwini imfundo,” kusho uKhansela uNxumalo.

Unxuse amanye amakhansela ukuba ayikhuthalele imfundo azithuthukise ngokufunda ngoba ayinamkhawulo ngeminyaka.

UKhansela uNxumalo ubuye wahambisana nomizwa kalowo owanguSihlalo weNdlu Yobuholi BoMdabu KwaZulu-Natal, iNkosi uPhathisizwe Chiliza kanye nakaSihlalo omusha weNdlu Yobuholi BoMdabu weSifunda iHarry Gwala naye okhulumile ngesikhathi kuvaleliswa uMnu uMtolo futhi wagcizelela ukuthi ukuhamba kwakhe kuvuleka isikhala akungasusi umbango ngezikhundla ezizovulwa nguMkhandlu.

Uthe uMasipala waseKokstad kufanele uqhubeke nobumbano owaziwa ngalo futhi usebenzele abantu abangaphansi kwawo. Wengeze ngokuthi uMnu uMtolo ulithemba labo ekufuqeni udaba lomhlaba, lapho abanye abaholi beshwashwada uma bekhuluma ngalo kube ngathi badla amazambane ashisayo.

# Amalungu Amasha eBhodi LeHarry Gwala Development Agency








**Kwembuleke ikhasi elisha ngenkathi iHarry Gwala Development Agency yethula amalungu amasha ebhodi.**

UMEYA kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo wethule iBhodi Labaqondisi leHarry Gwala Development Agency (HGDA) lesikhathi kusuka ngowezi-2022 kuya kowezi-2025.

Ibhodi Labaqondisi uNks uConfidence Slindile Nqoko (uSihlalo), uMnu uNtethelelo Khanyile, uNks uSiphumelele Balungile Dlungwane, uMnu uBongani Mzwakhe Mhlongo noMnu uSthembiso Ishmael Mbhele babekwe ngokomthethosisekelo base befakwa isisinga ngabakugunyuzwa futhi bethwesa izibopho ngokomthetho nguMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu (CoGTA).

Emazwini akhe okwamukela, uMeya ubalule ukuthi iBhodi likhethwe ngokwamava abanawo futhi beza nolwazi olunzulu olwahlukene.

Ubalulile ukuthi kusemqoka ukuba iBhodi lakhe ubudlelwano obuqinile bokusebenzisana neSikhulu Esiphezulu seHGDA uNks u-Antionette Whyte owaziwa kakhulu ngolwazi nobuchule bokukhonga izimali kanye notshalomali kanye nolwazi lokwakha imiqulu yamaqhingasu okwenza kungabibikho isidingo sokuqasha abazokwenza lo msebenzi.

Ukuqashaabantu bangaphandle kufanele kuncishiswe ngazo zonke izindlela, kusho uMeya ukuthi lokhu kuhlala kuwumbono kahulumeni. Uthe manje iHGDA isiyakubona okwenzakalayo ngokoholo lweSikhulu Esiphezulu, kuyethenjwa ukuthi inhloso yeHGDA yokukhulisa umnotho manje isizothela izithelo ekugcineni.

AMalungu eKomiti Eliphezulu ehlanganyela naye, uSihlalo waMakomiti Amile, uMeneja KaMasipala uMnu uGamakulu Sineke, abaphathi beSifunda iHarry Gwala, bahalalisela iBhodi.



OwayenguSomlomo waseKokstad uKhansela uLwanda Madikizela osanda kuqokelwa kwesokuba nguMeya omusha.

# UMeya waseHarry Gwala Mayor ushayela ihlombe ukuqokwa kukaMeya waseKostad omusha

UMEYA Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo has both wamukele wabuye wahalalisela uMkhandlu waseKokstad ngokuhlangana baseke ukuqokwa kukaMeya omusha.

ObenguSomlomo waseKokstad iKhansela uLwanda Madikizela usanda kuqokelwa esikhundleni sokuba nguMeya. Ukuqokwa kukaMadikizela akuzange kufakelwe inselelo ngisho amaembu aphikisayo oMkhandlu KaMasipala iGreater Kokstad akhombise ukumeseka ukubathathe isikhundla ngoba ekufanele ukuba nguMeya.

Ukukhuphukela kwakhe esikhundleni sobumeya kuze emveni kokuba owayenguMeya waseKokstad uKhansela uB.M.Mtolo esulile eseqokelwe isikhundla sokuba nguNobhala Wesifundazwe yiqembu lakhe lezombusazwe.

Ukuqokwa kukaMadikizela kubuye kwasho ukuthi isikhundla sikaSomlomo sisale singenamuntu zibekwa nje kwase kuthi aMakhansela avotela uBheki Nozaza ukuba athathe leso sikhundla.

Ekhuluma kulo iBhukwanambiko laseHarry Gwala uKhansela uNxumalo uthe ubuholi beqembu elibusayo bubeke amathemba alo kubaholi abaqokiwe ngokwemisebenzi yabo ebonakalayo kanye nomlando wokuzinikela kwabo besebenzela abantu futhi bekwazi ukusebenza beyimbumba.

AMakhansela awamasha emkhandlwini futhi asethole ulwazi oluningi ngesikhathi sikaMunu uMtolo.

Uthe bayazi ukuthi uMnu uMtolo ushiya ngemuva ifagugu elingayiwa kanye nesihlangu esinzima ukuba usiphakamise, nokho ngoba aMakhansela asebenzile abuye afunda kuyena, ngeke kube yinselelo kakhulu enkulu kuwona ukuba aqhubeke lapho egcine khona.

UKhansela uNxumalo ubuye wenxusa imiphakathi yaseKokstad ukuba iqhubeke nokubamba iqhaza ezinhlelweni zikaMasipala ibuye isebenzisane noMeya omusha njengoba yenza ku Mnu uMtolo.

"Siyazi abaningi benu bajwayele ukusebenza noMnu uMtolo kodwa manje izinto seziguqukile futhi uKhansela uMadikizela uzoba nendlela yakhe yokuhola yingakho sininxusa njengomphakathi ukuba niyilungele indlela yokuhola kaMeya omusha," kusho uKhansela uNxumalo. Uthe uMeya omusha angaba namaphutha akhe kodwa uzofunda ngawo bese enza kangcono ngokulekelelwa wumphakathi ukuze kube nendawo engcono iKokstad.

Wengeze ngelithi iKokstad ingumongo womnotho kulesi Sifunda futhi ngeke bakuvumele ukuba iphinde ihlehle emveni komsebenzi onzima wokunxenxa abatshalizimali namabhizinisi okumanje ayasebenza eKokstad.







**I-Operation Mbo ebibanjelwe eKokstad ibe yimpumelelo. Amalungu omphakathi ezengobuningi bawo ukuzolalela izinhlelo ezehlukile zeMinyango.**

# I-OPERATION MBO

**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ibenesonto lezinszakalo zomphakathi elibeyimpumelelo ngaphansi kwe-Operation Mbo ngokusebnzisa i-Operation Sukuma Sakhe. Le Operation Mbo Yesifunda njengoba yayibanjelwe kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad eHholo iShayamoya kuWadi 10. Yonke iMinyango yayikhona ukwethula izinsizakalo emphakathini kanye nokusiza ekulweni nabo bonke ububi benhlalo kulesi Sifunda.**







**I-Operation Mbo isungulwe yisifundazwe ukuhlinzeka abantu ngezinszakalo.**

'Uyalekelena kakhulu futhi uhlala ezibambela mathupha." Lawa ngamagama achaza iNhloko YoMnyango Ingqwele YeSifunda iHarry Gwala uMnu uMdu Zungu, abelokhu eshiwo yizikhulu namalungu omphakathi ngesikhathi ehola uhlelo ngosuku lwesi-6 lwePublic Service Monitoring and Evaluation Week. INhloko YoMnyango ibiyiNgqwele kulesi Sifunda isikhathi esingaphansana kwenyanga emveni kokuba wayesiw kulesiya Sifunda iZululand.

UMnu uZungu ubephelezelwa wubuholi bezepolitiki obuholwa uSekela Meya kuMasipala Wendawo iGreater Kokstad uKhansela uKJ. Walker; iHhovisi leNgqwele kaNgqongqoshe, uSekeka Mqondisi Jikelele, uMnu uHenk Serfontein; uMndeni woMasipala beSifunda iHarry Gwala uholwa nguNkk uT.T. MaThiyane Magaqa; uMhlanganisi eSifundazweni uNks. uK. Sithole; amaDTT namaLTT aseHarry Gwala aholwa uSekela Sihlalo uMnu uV. Xulu kanye namalungu abaphathi abaphezulu avela kuzo zonke izingxenye zeminyango zakulesi Sifunda iHarry Gwala.

Ukuhambela nokubandakanyeka komphakathi kuyingxenye ye-Operation Mbo – kwasungulwa yisifundazwe ukuze kuhlinzekwe abantu ngezinsizakalo. IMinyango oWezanagaphakathi. uSASSA, oWezenhlakahle, oWezolimo noWezempilo ngeminye yeminyango ekwazile ukuhlinzeka umphakathi ngezinszakalo eziphuma phambili.

Ithimba belisebenza ngokuzimisela kuzo zonke izindawo lapho bekuhlinzekwa khona komasipala bendawo abangaphansi kwalesi Sifunda, lihambela futhi lisombulule izinkinga kumaphrojekthi, njengase-Ibisi Community Garden, eCabhane Bridge, iThubalethu Housing Project, iBulwer CSC, umgwaqo uP417 nakokunye okuningi.

Ukuhambela nokuzibandakanya komphakathi kusebenza njendlela yokusebenza exazulula ukucinana nokukhetha iphela emasini ekuhlinzekeni ngezinsizakalo kanye nokuqinisekisa ukuthi izinsiza zomphakathi zisebenza ngokufanelekile ukuze kuzuze izakhamuzi. Lokhu kubuye kuqinise ukusebenza kweDistrict Development Model kamye nokudidyela, ukusebenzisana nokubamba iqhaza kuHulumeni.



**USekela Ngqongqoshe woMnyango Wezenhlalakahle uNkk uHendrietta MaBogopane Zulu wethula inkulumo kuphethwa uMkhankaso i9-9-9 eKokstad. Unxuse omama abazithwele ukuba bangalokothi baphuze ngesikhathi besakhulelwe.**

# Kuxwayiswe abazithwele ngokuphuza utshwala okungadala izifo

UMPHAKATHI waseKokstad ucele izisebenzi zenhlakahle ukuba zingenelele ekukhuleni kwesibalo sezingane ezizalwa zihlaselwe isifo se-FASD. Lokhu kuzwakale ngesikhathi kugujwa uSuku lokulwisana nalesi sifo nakwamanye amazwe obekwenziwelwe eKokstad Town Hall lapho uSekela Ngqongqoshe woMnyango Wezenhlalakahle uNkk uHendrietta MaBogopane Zulu, evala khona uMkhankaso i9-9-9.

Lo mkhankaso wethulwa nguSekela Ngqongqoshe mlha lulu-1 kuMandulo ngowezi-2019, uhlose ukuqwashia abantu ngobungozi bokuphuza utshwala ukhulelwe okubandakanya ukubeletha ingane eneSifo Indakisambungu (FASD).

Kulo nyaka umkhankaso ube yizinsuku eziyisi-9 zilandelana ezifundazweni eziyisi-9 kanti waqala eLadybrand eFree State.

Ezinye zezikhulumi ezazikhona sekuphethwa izingxoxo kwakungomama abavuma ukuthi bebephuza bekhulelwe kodwa bacela usizo oluphuthumayo ezisebenzini zenhlalakahle ngoba bayabona ukuthi babeka izinsana engcupheni ukuba zizalwe zineNdakisambungu ngenxa yophuzo oludakayo.

Omunye walaba omama ababekhona oneminyaka engama-32 ubudala uvela eBhongweni. "Ngiphuza ngoba nginengcindezi enkulu. Ngakhulelwa ngephutha futhi iyise wale ngane engakabelethwa wangithiya ekuxhumaneni naye. Wathi akefune kuzwa lutho ngami nangengabe engiykhulelwe. Ngazama ukukhipha isisu kodwa ngangisenginezinyanga ezintathu ongoti bezempilo benqaba ukungisiza. Ngidinga lonkeusizo engingaluthola ezisebenzini zenhlalakahle ngoba ngiphuza njalo ukuze ngilale ngikhohlwe yizinkinga zami. Awekho amagruphu abantu abakhulelwe kule ndawo futhi siwadinga kakhulu," kusho yena.

USekela Ngqongqoshe wahanjelwa nguDkt uGuru Kistnasamy wakwaCentral Drug Authority (CDA) okuwuphiko loMnyango Wezenhlalakahle olubhekela, luqaphe lulinganise ukusebenza kweNational Drug Master Plan (NDMP 2019 - 2024).

"Ucwaningo luveza ukuthi bayeva ezigidini ezintathu abantu ababa neSifo Indakisambungu (FASD). Emazweni ali-187, iNingizimu Afrika inesibalo esiphaezulu sezinga lokuba khona kwalesi sifo," kusho uDkt uKisnasamy engeza ngokuthi umkhankaso we9-9-9 kufanele udluliselwe ezikoleni, nasemanyuvesi namakholiji, ezindaweni zezempilo nalapho kudayisa khona uphuzo oludakayo.





# Inyanga yamagugu yamukelekile

UMkhandlu kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala ubeke eceleni ingqephu namasudi ovamise ukukugqoka wembatha ezomdabu ukuze bamukele inyanga yamagugu uMandulo. UMkhandlu ubumabalabala begqoke imvunulo, ezakwaXhosa, bevunule ezakwaZulu bagqoka nezasempumalanga. UMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo ushayele ihlombe uMkhandlu ngokuthatha isinqumo sokuthi bavunule ngokwesintu bahloniphe amasiko ehlukile.





